



Ubufakazi-besikhathi esizayo
bezingane zethu

Isiqinisiso 1

Isihloko sesifundo: IMiyalo eyiShumi

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **IMiyalo eyiShumi**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 1.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonelo: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesiQinisiso -1 nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi wesikole sangeSonto webandla lakho noma uThisha wesiKole abazimisele ukukusiza.



Isifundo

Isihloko	IMiyalo eyiShumi
Umbhalo weBhayibheli	U-Eksodusi 20
Inhloso yesifundo	Ukubaluleka kweMiyalo eyiShumi nakulesisikhathi sanamuhla. Izenzo zethu kufanele zikhombise ukuziphatha kwethu phambi kuNkulunkulu nakwabanye abantu ngokufanayo.

Isifundo esifingqiwe:

Imiyalo Eyishumi
<ol style="list-style-type: none">1. NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho. Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwaMi.2. "Ungaliphathi ngeze igama leNkosi uNkulunkulu wakho, ngokuba uJehova akayikumenza ongenacala ophatha igama laKhe ngeze".3. Khumbula usuku lweSabatha uluNgcwelise.4. Hlonipha uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.5. Ungabulali.6. Ungaphingi.7. Ungebi.8. Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.9. Ungafisi indlu yomakhelwane wakho.10. "Ungafisi umfazi womakhelwane wakho, noma inceku yakhe, nencekukazi yakhe, noma inkabi yakhe, nembongolo yakhe, nanoma yini ongomakhelwane wakho. <p>Ingemuva:</p> <p>UNkulunkulu wanika uMose iMiyalo eyiShumi eNtabeni iSinayi. UNkulunkulu wanikeza abantu bakwa Israyeli imiyalo ukuze bakwazi ukwakha ubuhlobo babo naYe futhi babe nobudlelwano obuhle nabanye abantu.</p> <p>Lokhu kwenzeka ezinkulungwaneni zeminyaka ezedlule. Ngabe imiyalo isasebenza nanamuhla na? Ingabe kusafanele ilawule indlela esiziphatha ngayo nasesikhathini sethu na? Masibuke ngokuhlaziya umyalo ngamunye nokubaluleka kwawo esikhathini sethu</p>



1 ***NgiyiNkosi uNkulunkulu wakho. Ungabi nabanye onkulunkulu ngaphandle kwami.***

Umyalo wokuqala usho ukuthi uNkulunkulu uyiNkosi phezu kwazo zonke izinto.

NguYe kuphela uMenzi wezinto zonke ofanele ukukhulekwa. Sihlonipha uNkulunkulu ngothando. Samukela uNkulunkulu njengoba abonakala emhlabeni: ngoJesu Kristu. Asenzi unkulunkulu wamandla, wemali, izithixo futhi ngisho nathi uqobo. Asiboni onkulunkulu emifanekisweni ebunjiwe, ezihlahleni noma kwezinye izinto zemvelo.

2 ***Ungaliphathi ngeze igama leNkosi uNkulunkulu wakho, ngoba uJehova akayikumenza ongenacala ophatha igama laKhe ngeze.***

Kufanele sigcine zonke izinto zenziwa uNkulunkulu sigcine negama laKhe lingcwele.

Lokhu kusebenza kulokho esikucabangayo, esikukhulumayo nesikwenzayo! Ngisho nokusetshenziswa budedengu kwamagama athi “uNkulunkulu, uJesu Kristu noma uMoya oNgcwele ezinkulumweni noma kumahlaya ngoba ngokwenza njalo sisuke siqedile ukwephula lomyalo.

3 ***Khumbula usuku lweSabatha ukulugcina lungcwele.***

KumaKristu, iSabatha yiSonto (usuku uJesu Kristu avuswa ngalo).

Sibekela eceleni usuku olulodwa evikini ukuba sikhonze uNkulunkulu futhi sigcine imicabango yethu imatasa nezwi laKhe. Usuku lwangeSonto kufanele lube wusuku lokuphumula nosuku lokumkhosi womphfumulo. Sigcina usuku lwangeSonto lungcwele ngokukhonza uNkulunkulu ezinkonzweni nangokusebenzisa izwi esilithola ngesikhathi senkonzo.

4 ***Hlonipha uyihlo nonyoko, ukuze izinsuku zakho zibe zinde ezweni uJehova uNkulunkulu wakho akunika lona.***

Khombisa inhlonipho nokwazisa abazali bakho.

Lokhu kungukuphela komyalo othembisa umvuzo. Kungenxa yabo bonke abantu bayo yonke iminyaka - ukukhombisa inhlonipho nokwazisa kubazali bakho. Kungakhathalekile iminyaka yabo, izingane zinesibopho sokuhlonipha abazali bazo. Isithembiso 'sempilo ende' siyisibonakaliso sesibusiso sikaNkulunkulu futhi sikhonjiswe ngeziphso zokomoya.



Imiyalo Eyishumi

5 *"Ungabulali.*

Impilo sinikezwe nguNkulunkulu. Yena yedwa oyiNkosi phezu kokuphila nokufa.

Akekho umuntu onelungelo lokuthatha / lokunqamula impilo. Sinesibopho sokuvikela, ukuvikela nokugcina impilo yomuntu. Lomyalo usebenza nasekuhushuleni isisu, ukuzibulala, ukubulala ngokuzivikela, ukubulala empini, isigwebo sentambo kanye nokusenzisa i-euthanasia.

6 *Ungaphingi.*

Izithandani kufanele zizinikele komunye nomunye ngokwethembeka.

Ngokuphelele, noma yimuphi umuntu oshadile bese ehlangana ngokocansi nomuntu ongashadile naye, noma omunye umuntu ongashadile olala ngokocansi nomuntu oshadile, uyaphinga.

7 *Ungebi.*

Kwenqatshelwe ukuthatha izinto zomunye noma impahla yomunye umuntu.

Lomyalo uhlanganisa ukuxhashazwa, ukuntshontsha, inkohliso. Futhi akufanele siphange "umakhelwane" wethu (isintu esikanye naso) inhlonipho nodumo lwabo noma sihlasele isithunzi sabo sobuntu.

8 *"Ungafakazi amanga ngomakhelwane wakho.*

Ukufakaza amanga kusitatimende esingelona iqiniso (kalula-nje - amanga) ngokuhlonipha omunye umuntu.

Kumele senze futhi sikhulume iqiniso. Amanga amhlophe, iqiniso lehafu nezitatimende ezihlose ukufihla iqiniso, nokuthukwa konke lokhu kungukuphulwa komyalo. Ukuzigqaja, ukweqisa ngenkulumo, ubuzenzisi, ukusakaza amahlebezi, ukuthopha kuyizinto zonke ezingasho iqiniso.



Imiyalo Eyishumi

9 *Ungafisi indlu yomakhelwane wakho.*

10 *"Ungafisi umfazi womakhelwane wakho, noma inceku yakhe, nencekukazi yakhe, nenkabi yakhe, nembongolo yakhe, nanoma yini engomakhelwane wakho.*

Imiyalo ye-9 neye-10 imvamisa ifushaniswa ibe yinye njengoba ihlangana kakhulu. I-Covet - inkonzo yesono - uma ufisa lokho okuthandekayo nokubalulekile komunye umuntu. Ukufisa kungakhula kube ngumhawu, ukuhaha nomona futhi le yimizwa elimazayo. Siyayalwa ukuba sizithibe futhi senze izinto ezikhombisa inhliziyi emsulwa.

Ngokuvamile, iMiyalo, imithetho, nemibandela ikhona ukuze isivikele futhi sigcineke siphephile. Iyasiqondisa ezenzweni zethu nasekuziphatheni kwethu. Isifundisa ukuba "singenza-kanjani" ukuze sibe nokuphila okuhle lapha emhlabeni futhi kusilungiselela impilo engapheli.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

- EMiyalweni eyiShumi, uNkulunkulu ukhuluma nabo bonke abantu.
- Kuyindlela lapho sibuhlelela khona ubudlelwano bethu noNkulunkulu nabanye abantu
- Ekugcineni, kufanele sivumele imiyalo kaNkulunkulu ukuba isiqondise futhi ithonye indlela esiziphatha ngayo.

Iminingwane ethokozisayo ngeMiyalo eyiShumi:

1. Abingabizwa ngokuthi "iMiyalo eyiShumi" nguMose. EBhayibhelini, igama elisetshenziswe ezilimini zokuqala "amagama ayishumi;" eyaziwa nangokuthi yi-"Decalogue".
2. Imiyalo emine yokuqala ibheka ukuthi izidalwa ezngabantu zihlobana kanjani noNkulunkulu; eziyisithupha zokugcina zibhekise ekutheni siyizidalwa zoluntu sihlobana kanjani. Umyalo omkhulu kaJesu ("Thanda iNkosi uNkulunkulu wakho ngenhliziyo yakho yonke") - imiyalo yokuqala emine ("futhi uthande umakhelwane wakho njengoba uzithanda wena") - imiyalo eyisithupha yokugcina.
3. Munye kuphela wemiyalo eza nesibusiso esithile esihambisanayo - owesine, "Hlonipha uyihlo nonyoko ukuze izinsuku zakho zande emhlabeni uNkulunkulu akupha wona".



4. Umyalo ophulwe kaningi mhlawumbe ungowesibili. Isisho esithi "O, uNkulunkulu wami" sisebenzisa igama likaNkulunkulu ngeze, esenqatshelwe ngokuqondile. Abantu bavame ukuthi uJesu noma uJesu Kristu futhi ezikhathini zethu zanamuhla sivame ukusebenzisa igama elithi "OMG". Okubaluleke kakhulu, umyalo wesibili ukuphela komyalo ophatha usongo lwesijeziso. IBhayibheli alisitsheli ukuthi isijeziso siyini.
5. Ishumi inani elijwayelekile eBhayibhelini ukukhombisa isethi ephelele - njengezinhlopho eziyishumi zaseGibhithe, izintombi eziyishumi endabeni yeTestamenteni eNtsha, abanochoko abayishumi baphola, nokunye.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen



Notes
